# UZethembiso iqhawekazi lami

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Ubonani esithombeni?
2. Yini oyenzayo uma uvuka?



EXTRACT PAGES

Ngelinye ilanga uZethembiso wazizwa ekhathele kungavumi nokuthi avuke aye emsebenzini.

UZethembiso uzizwa enjani? Ucabanga ukuthi uphethwe yini uZethembiso?


EXTRACT PAGES

Wageza, walungisa umphako waphikelela emsebenzini. Wayesebenza olwandle ehlanza ulwandle.

Wezwa ini uZethembiso? Ukube kwakunguwe wawungawulandela yini umkhondo womsindo wezwi elikhalayo?



EXTRACT PAGES

Uthe esacoshacosha. Wezwa umsindo. Walandela umkhondo wezwi elikhalayo.

Ukube kwakunguwe wawungawulandela yini umkhondo womsindo wezwi elikhalayo?



EXTRACT PAGES

"Hhawu! Bakithi, bengithi umuntu kanti ihlengethwa, libambeke emsileni. Kufanele ngithole usizo." Wamemeza ecela usizo uZethembile.

Ucabanga ukuthi likhalelani ihlengethwa? Wawungenza njani ubona ihlengethwa libambekile?




EXTRACT PAGES

Bafika abantu bezosiza. Basho u 'qubula zasha!' Lapho lithule ihlengethwa, kubukeka sengathi lilele. Kuthe kungazelele muntu kwafika igagasi elikhulu elinamandla, lalithatha ihlengethwa. Laphunyuka kanjalo ihlengethwa.

Lathathwa yini ihlengethwa?

# Ikhaya lami eliphelele

## Imibuzo ngaphambi kokufunda


1. Qagelani ukuthi le ndaba ikhuluma ngani.
2. Niyawazi amagama ezilwane ezisesithombeni? Washoni.



"Gabi! Gabi! Buka nje indlu yami esemgodini, efudumele, eyomile futhi ephephile," kuqhosha umpungushe.

Ngubani lona oqhoshayo? Injani indlu kampungushe?

“Lo mgede uyangifudumeza futhi ungigcina ngiphephile uma kuvunguza umoya, Bhuuuuu! bhuuuuu!,” kubhonga ibhele.




Lihlala kuphi ibhele? Yini oyithanda ngezindlu zalezi zilwane?

"E! E! Eya! Eya! Bantu, niyangikhathaza ngokugawula izihlahla eziyikhaya lami," kubalisa unkawana.


EXTRACT PAGES


Ngubani lona obalisayo? Kungani inkawana ihlala esihlahleni?

Ethafeni elivulekile, unogwaja umba imigodi eyimihhume ukuze ahlale kuyo. Le mihhume esemgodini iyindawo kanogwaja eyimfihlo yokuphumula futhi iphephile.


EXTRACT PAGES

Kungani indawo kanogwaja iyimfihlo? Unogwaja ulakha kuphi ikhaya lakhe?


“Nithanda kabi nina bantu ukuthi mina nginamahloni, ngisuke ngicashela ilanga,” kusho isibankwa.




Kungani isibankwa kuthiwa sinamahloni? Yini esingayithandi isibankwa?

“Ngezinye izinsuku ngifisa ukuzihlalela ngedwa, kungabikho ntuthwane nje eduze kwami,” kusho intuthwane ehlukile kunezinye.





EXTRACT PAGES

Kungani intuthwane ifuna ukuzihlalela yodwa?